Abakwa-SiVEST
Ingosi yezemvelo

SiVEST
Established in 1952

# UKUHLAZIYWA OKUYISIQALO (BA) NOHLELO LOKUNGANYELWA KWEMVELO (EMPr) LOKWANDISWA OKUHLONGOZWAYO KWETHANGI LOKUGCINA ISIBASI ESINGUWOYELA UMTHAMO WALO ONGU-500M$^3$ E-GROOTVLEI POWER STATION, ESIFUNDAZWENI SASEMPUMALANGA

**DEA EIA Ref. No: 12/12/20/2358**

**NEAS Ref. No: DEA/EIA/0000418/2011**

Ngokwezimemezelo zenqubo yokuhlaziywa okuyisiqalo zomhlaka 2 Septemba (Daily Sun) nomhla ka 13 Septemba 2011 (Nigel/Heidelberg Rekord) ezenziwa ngokulandela izimiselo zoMthetho wokunganyelwa kweMvelo ezweni lonke (Environmental Management Act, 1998 (Act No. 107 of 1998), njengoba uchitshelwe, kanye neMitheshwana yokuhlaziywa kwemithelela kwimvelo (Environmental Impact Assessment Regulations), ngaphansi kwezimemezelo zikaHulumeni ezingunombolo R543 no-R544, ezamenyezelwa mhla ka 18 Juni 2010, Isigaba 24 (5) sifundwa ngokuhambisana nesigaba 44 soMthetho wokunganyelwa kwemvelo ezweni lonke (National Environmental Management Act (Act No. 107 of 1998), umphakathi lapha uyaziswa ukuthi uMbiko ongakapheleli wokuhlaziywa okuyisiqalo (Draft BAR) uyotholakala uyikhophi ebhaliwe ukuthi ubukezwe nokuthi kuphawulwe ngawo ezindaweni ezibhalwe ngezansi. Umbiko ongakapheleli (Draft BAR) futhi uyatholakala ku-webisite yakwa-SiVEST ethi (http://www.sivest.co.za/Kopisha bese ufunda ulwazi olubhaliwe "*10937 – Grootvlei Bulk Storage Fuel Oil Tank BA"*), i-website yakwa- ethi (http://www.eskom.co.za/eia) ne-CD (etholakala ngokwenza isicelo esibhalwe phansi).

## ISIKHATHI SOKUHLAZIYWA OKUYISIQALO KOMBIKO ONGAKAPHELELI

Ngokwezimiselo zemitheshwana yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA Regulations), umbiko ongakapheleli (Draft BAR) **uyotholakala izinsuku ezingamashumi amane (40) ukuthi ubukezwe futhi kuphawulwe ngawo** kusukela **ngoLwesine 13 Okthoba 2011** kuye **ngoMsombuluko 21 Novemba 2011** (ekupheleni kosuku lokusebenza):

| INDAWO | IKHELI LESITALADI | AMAHORA | INOMBOLO YOKUXHUMANA |
|---|---|---|---|
| Balfour Public Library | Cnr Johny Mokoena Drive no-Themba Shozi Street, Balfour | NgeMisombuluko kuya koLwezine:<br>09h00 – 13h00 kanye no 14h00 kuye ku 15h30<br>NgoLwezihlanu: 09h00 kuye ku 13h00 | 017 773 0055 |
| Esangweni elikhulu lokungena e-Grootvlei Power Station yakwa-Eskom (Endaweni yokwamukela abantu) | | NgeMisombuluko kuya koLwezihlanu<br>08h00 – 16h00 | 017 779 8801 |

## UKWAZISWA NOKUMENYELWA OSUKWINI OLUVULELEKE UMPHAKATHI NOMHLANGANO

Abantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) nabo bayamenywa ukuthi bathamele umhlangano womphakathi ozoba :

| USUKU | USUKU OLUVULELEKE UMPHAKATHI | UMHLANGANO WOMPHAKATHI | INDAWO |
|---|---|---|---|
| NgoLwesibili mhla ka 01 Novemba 2011 | 16h00 kuya ku 17h00 | 17h00 – 18h30 | Old Eskom Hall, 2nd h Street, Eskom Grootvlei |

Inhloso yomhlangano womphakathi wukwethula okutholakele kwenqubo yokuhlaziywa okuyisiqalo okwenzelwa umsebenzi ohlongozwayo emphakathini, kuhlinzekwe abantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile ngethuba lokuphawula kanye/noma ukusho lokho okubakhathazayo kanye nokuhlangana neqembu lomsebenzi.

Sicela uqondise yonke imibuzo yakho kulabo okubuzwa kubona ngokubamba iqhaza komphakathi ngezansi:

